**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu, A, B, C, D no-E.
- Phendula noma yimiphi imibuzo emibili. A no-B noma C no-D noma A no-E, njll.
- Imibuzo ivele ezigabeni ezimbili ezahlukene.
- Umsebenzi omuhle nohleleke kahle uyaziswa kakhulu.
- Imibuzo mayiphendulwe ngesiZulu.

## ISIGABA A

Funda lezi zinkondlo bese uphendula imibuzo engezansi. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 1
### IZINKONDLO

***Imvubelo* – A. M. Maphumulo.**

**Inkondlo A**

Seswele amandla mntakaNdaba ngasibonga,
Seswele imilomo mntakaSenzangakhona nga siyathopha,
Sibonga inkuthalo yobunye owayihlwanyela,
Sibonga ubuntu nobumbano owalwakhayo,
Uma kubalwa izizwe siyabalwa, inhlonipho yakho yasipha ukuhlonishwa.

1.1 Sithini isihloko sale nkondlo? (1)

1.2 Ngubani umbhali wale nkondlo? (1)

1.3 Imbongi ikhuluma ngobani lapha? Sekela impendulo yakho. (2)

1.4 Nika ukuxhumama-siqalo okubili. (2)

1.5 Ngubani umntakaSenzangakhona? (1)

1.6 UmntakaSenzangakhona wayihlwanyela kanjani inkuthalo yobunye? (2)

1.7 Yisho isifundo osithole kule nkondlo. (4)

1.8 Nika izibonelo ezimbili zeziZwe imbongi ekhuluma ngazo. (2)

1.9 Uma imbongi yayinamandla okubonga, yayizobongani kumntakaNdaba? (2)

1.10 Imbongi isihlonishwa ngobani? (1)

1.11 Kusho ukuthini ukuthopha? (2)
**[20]**

**Inkondlo B**

NAMHLANJE

Ubuklewuklewu okwezinja ziklewula,
Zibanga ithambo elimhlophe seligugudiwe,
Imvove nenyama sekucatshwe kwanyamalala,
Ubumayemaye besililo kumenyezwa kwabesimame.

Igazi ligobhoza kuhle kwemifula,
Igazi lowakwenu linukis' okomzondo,
Inzondo negqubu amakhosi ezinhliziyo,
Owakwenu useyinyamazane kuwena.

Omnyama ubhokoda omnyama,
Isisusa sodungunyane siyimpicabadala,
Sikhombana amabala nezizici,
Izici eziyisizukulwane sobandlululo.

Izidalwa zikaMdali zidukile,
Indlela yeqiniso izedukele,
Zidele uthando zaqoma inzondo
Inzondo eyisizalo somona negqubu.

Isitha sakhe umkhanya, kuvele elomhlathi,
Sibukel' amankentshan' agwavumel' ithambo elomileyo,
Sibukela ubulima obululuthekisa isintu,
Isintu sintula umholi weqiniso.

Qinisela sizukulwane soluntu inhlanga ingene,
Qiniseka ngesiphetho esiqinileyo seqiniso.
Ukukhanya kokusa kwandulelwa umnyama,
Ukukhanya kombani kwandulelwa ifu elimyama.

L. F. Molefe.

1.12 Ingabe isihloko sale nkondlo siyahambelana nenkondlo na? Sekela impendulo yakho ngokunika amaphuzu amathathu asenkondlweni. (4)

1.13 Hlobo luni lwesifenqo esitholakala emgqeni 5? (1)

1.14 Kusho ukuthini ukuthi izici ziyisizukulwane sobandlululo? (2)

1.15 Nika lokhu okulandelayo. Nika ibinza kanye nomugqa. (6)

1.15.1 Ukuxhumana-siqalo.
1.15.2 Imvumelwano-sigcino.
1.15.3 Ukuxhumanisa okuyinxemu.

1.16 Into enjani eyimpicabadala? (2)

1.17 Chaza kafuphi ibinza 2 ngokunika isibonelo. (3)

1.18 Yini imbongi isebenzise igama lokuqoma kubinza 3? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

**NOMA**

## ISIGABA B

Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 2
### UMDLALO

***Ngiwafunge Amabomvu* –M. Molefe.**

**Isiqeshana A4**

| | | |
|---|---|---|
| Mgidi | : | Uzincomelani-ke? |
| Mzwezwe | : | Akukho okunye engingakusho Ndabezitha kulesi sikhathi samanje. Ngale kwalokho ngizosenga ezimithiyo. Ndabezitha! Mayidle izishiyele! Angiqonde khona ukuyibukela phansi inkosi.<br>(*UMsanka usephenduke ugodo nje.)* |
| Mgidi | : | Yini ngingayikholwa le nto, noMsanka angifakazele kulokho? Selokhu uqalile ukuhlaziya amathambo akho uMsanka akazange ahambisane nawe? Akazange avume nakanye nje. Bengimbuka phela? Khuluma Mzwezwe! Ukhuluma imbudane phambi kwami nenduna yami enkulu kangaka! |
| Mzwezwe | : | Ndabezitha! Wena wasebukhosini, kulukhuni ukuqagulisana nenkosi, Ndabezitha. |

2.1 Kusho ukuthini ukuthi ayidle izishiyele? (2)

2.2 Usuke enzenjani umuntu uma esenga ezimithiyo? (2)

2.3 Ukwenzenjani ukubukela omunye umuntu phansi? (2)

2.4 Ucabanga ukuthi kungani uMsanka esephenduke ugodo nje. (3)

2.5 Yini le engakholwa yinkosi engasekelwa nanguMsanka? (3)

2.6 Bayini laba balingiswa kulo mdlalo? (3)

2.6.1 UMsanka.
2.6.2 UMgidi.
2.6.3 UMzwezwe.

2.7 Enjani into eyimbude? (2)

2.8 Baxoxa bekuphi laba bantu? (1)

2.9 UMzwezwe wayezincoma ngani? (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | | |
|---|---|---|
| UMgidi | : | Ukhona ofuna ukuphawula amele ibandla?<br>(*Kusukume indoda ende)* |
| Indoda | : | Ndabezitha omkhulu! Mina ngisacela ukuzwa ukuthi indlovukazi yayibona ukuthi yenzani ngokuganga nebhoxongwane eligcwele umoya wezikhova? |
| Thulisile | : | Linye izwi engizolisho, ukuthi ngithe ngiza lapha esigodlweni ngabe sengimtshelile uZaba ukuthi ngiyamthanda. |
| Indoda | : | Wavumelani ukuzogana enkosini pho? |
| Thulisile | : | Inkosi kayiphikiswa. |
| Indoda | : | Wena uchaza ukuthi kawuyifuni inkosi? |
| Thulisile | : | Ngangingeke ngiyiqome noma ngabe yayiyiseshelі sami esinemithi ehlanganiswa yinyanga enamandla ngaphezu kwazo zonke izinyanga esinazo lapha emaBomvini. Yiqiniso engicela ukulifela manje lelo |

2.10 Onjani umuntu ogcwele umoya wezikhova? (1)

2.11 UThulisile wavumelani ukuyogana enkosini engafuni? (2)

2.12 UThulisile ukufanisa nani ukugcagca nomuntu ongamfuni? (1)

2.13 Yini ibhoxongwana? (2)

2.14 UThulisile uvezwe njengomlingiswa onesibindi. Bhala into ayisho ebonisa lokhu. (2)

2.15 Uchaza ukuthini uThulisile uma ethi inhliziyo ingumbusi womuntu? (2)

2.16 Ingabe inkosi yagcine yenzeni ngabalingiswa abalandelayo:

2.16.1 uZaba noThulisile?
2.16.2 uMsanka?
2.16.3 uKhonzeni? (6)

2.17 Bhala kafuphi ngesifundo osithole ngesenzo sikaZaba noThulisile. Sekela impendulo yakho ngokubhala amaphuzu amabili asengxoxweni. (4)

**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

**NOMA**

## ISIGABA C

Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 3
### INOVELI

***Isigcawu Senkantolo* – M.M. Masondo.**

**Isiqeshana A**

> Wake wathi ukuthula uKubheka, sengathi wetshisa amazwi akhe. Aqhubeke futhi athi, "Wathi ukuba ezwe ngizikhalela kanjalo, wathuka waveva umlisa wansondo. Nebala, Mbomvu ngawuthatha umthandazo. Yena wayedamane engibalela imizuzu emihlanu, ngahlala, kuye izithonto. Wathi ethi bhu, sase singakimi isibhamu. Nami-ke sekuhlangene ukwethuka nokuthukuthela, ngathuka sengidedele inhlamvu. Kwaba ukuphela kukaZikode lokho."
>
> "Pho wena wasinda kanjani esandleni somthetho, Khathide? Kubuza uNgubane.
>
> "Leyo yindaba ende nenzima kakhulu, Mbomvu, " kuthatha uKubheka, "ngazisola futhi ngakhala. Kwathi lapho ngifikelwa umfanekiso waleyo ndawo engake ngaba kuyo, icebo lazakha ngokushesha."
>
> "Kungaba cebo lini lelo Kubheka?" kubuza uNgubane.

3.1 Chaza lokhu okulandelayo:

3.1.1 ukwetshisa amazwi.
3.1.2 ukuhlala kumuntu izithonto. (2)

3.2 UZikode noKubheka bazana kanjani? (2)

3.3 Kwakuyini isisusa sesenzo sikaZikode kuKubheka? (2)

3.4 Ukhuluma ngani uNgubane uma ekhuluma ngesandla somthetho? (1)

3.5 Bhala okwenziwa nguKubheka okwamenza asinde esandleni somthetho. (3)

3.6 Iyiphi le ndawo ake waya kuyo uKubheka? (1)

3.7 Bakhuluma bekuphi laba bantu? (1)

3.8 UNgubane ungummeli wamacala ani? (1)

3.9 Uyini uKubheka kule ndaba? (1)

3.10 Yindaba yani lena ende nenzima? (2)

3.11 Sifundo sini osithola ngesehlakalo esivelele uKubheka? Sekela ngamaphuzu amabili. (4)

**[20]**

**Isiqeshana B**

> "Lokho ngikusho ngoba kwasayena ummangalelwa ebekholwa ukuthi nguye owabulala umufi.
>
> "Ngalawo mazwi inkantolo imthola ngokungangabazeki engenacala ummangalelwa."
>
> "UButhelezi uzolondolozwa endaweni emfanele kuze kufike usuku lwecala. Inkantolo seyingachitheka." Lasho ijaji lasukuma laphuma lilandelwa ngumshushisi kanye nabasizi balo ababili.
>
> Kwaduma amakhwela kwakikizelwa abanye becula imbala. UNgubane wahamba emoyeni ephakanyiswe yizihlobo kanye nabangane bomndeni wakwaKubheka. Izintatheli zazithatha izithombe ubuthaphuthaphu.
>
> UThandi, kanye noThemba, uKubheka, uThokozile, uDuduzile, uThulane kanye nonkosikazi Kubheka balandela izihlwele ezabe zithwele uNgubane baze bayofika ezimotweni.

3.12 Ngubani lo mufi okukhulunywa ngaye lapha? Nika igama nesibongo. (2)

3.13 Ummangalelwa kuleli cala ngubani? (1)

3.14 Wayemmangalelwa ini lo muntu oku-3.10. (2)

3.15 UButhelezi wayezolondolozelwani endaweni emfanele? (2)

3.16 Ijaji labona uNgubane njengommeli ohlakaniphile. Yisho ukuthi ijaji lalikusho ngani lokhu. (2)

3.17 Veza ukuthi uKubheka noDuduzile kanye noThulani bahlobene kanjani. (3)

3.18 Ngubani igama likankosikazi Kubheka? (1)

3.19 Kwakungobani abameli bakahulumeni? (2)

3.20 Ingabe isihloko sale noveli siyahambelana nendaba na? Sekela impendulo yakho ngokuveza iphuzu elilodwa. (3)

3.21 UThandi noThemba benza msebenzi muni? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

**NOMA**

## ISIGABA D

Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

**UMBUZO 4**
**UBUCIKO BOMLOMO**

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C. T. Msimang.**

**Isiqeshana A**

**Wobani Labayana?**
Woban' labayana?
Womhlinzamfukwe.
Benzan' laphayana?
Bamb' umgubane.
Bawunikwe ubani?
Bawunikwe uDlokweni,
Dlokweni, Dlokweni!
Kwaqwakel' amakat' emsamo
Phezu kwendl' engaka,
Afunan' emsamo?
Afun' isankumpaza.
Azosinikw' ubani?
Azosinikw' uDlokweni.
Dlokweni, Dlokweni!

4.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (3)

4.2 Lwenza msebenzi muni lolu hlobo lwenkondlo? (2)

4.3 Luvame ukusetshenziswa ngobani? (2)

4.4 Kumele kube nabantu abangaki ukuze lolu hlobo lwenkondlo lube mnandi? Sekela impendulo yakho. (3)

4.5 Nika lokhu okulandelayo:

4.5.1 Izimvumelwano-siqalo ezimbili. (2)
4.5.2 Ukuxhumana-siqalo okubili. (2)
4.5.3 Ukuxhumana-sigcino. (1)

4.6 Ingabe kuvamile yini ukuthi amanye amagama kulolu hlobo lwenkondlo angabi nancazelo na? Yebo noma Cha? (1)

4.7 Afunani amakati emsamo? (2)

4.8 Kukuphi emsamo? (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

"Ngingumshana wakho, malume," okungunogwaja kuzincengela. "Njengoba ungibona ngilapha nje ngithunywe nguye udadewenu. Uthi angizobona ukuthi nidlani ngapha njengoba izwe likhungethwe yindlala engaka nje," kuqhuba unogwaja esenga ezimithiyo.

Ngenhlanhla limdedele ibhubesi uma lizwa la mazwi. "Wo! Qha, ngiyezwa mshana! Kodwa uthi udadewethu ngingakuthathaphi ukudla kule ndlala engaka, madoda! Sekuphele izinsuku ezintathu ngingakaze ngikuthi mbibi!"

"Cha, nami ngikucabangile lokho malume. Ngilapha ngizokunikeza icebo esingathola ngalo inyama. Mina ngicela ukuthi ungilalele kahle, ungangibulali. Ngisho phela malume, ngoba noma ungangibulala mina, eyami inyama ayingakanani. Ingamane yenele ekhaleni nje."

4.9 Nhloboni yenganekwane lena? Sekela impendulo yakho. (3)

4.10 Kusho ukuthini ukusenga ezimithiyo? (2)

4.11 Kungani unogwaja ezincengela ebhubesini? (2)

4.12 Ingakanani le nyama enganela ekhaleni? (2)

4.13 Laliqinisile yini ibhubesi uma lithi alizukumbulala unogwaja na? Sekela impendulo yakho. (3)

4.14 Lapha sibona unogwaja evezwe njengomlingiswa ohlakaniphile. Bhala amaphuzu amabili akhombisa lokhu. (4)

4.15 Bhala isifundo osithole kule nganekwane. Bhala amaphuzu amabili. (4)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

## ISIGABA E

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 5
### IZINDABA EZIMFUSHANE

***Umlabalaba* –O.E.H.Nxumalo.**

**Isiqeshana A**

> Namuhla yisonto elikhulu lapha eNqoleni. Sebenyakanyaka lapha ekhaya kwaNgema. Kuyagqigqizelwa. Uyedwa nje umuntu ozithele ngabandayo. NguBongani, indodana endala yalapha ekhaya. Sebemncenge baze badela abazali kodwa kuvele kufane nokuthi bathela amanzi edadeni nje. Sengathi kukhona ifu nje elilengela phezu kwakhe. Libuye limuthi ngci kube sengathi akasaboni lutho, akasezwa lutho. Livele lidume nje ikhanda. Namazwi alaba abaphumayo lapha ekhaya sebeya esontweni uwezwela kude le.

5.1 Sithini isihloko sale ndaba? (1)

5.2 Ukwenzenjani ukugqigqizela? (2)

5.3 Kusho ukuthini ukuzithela ngabandayo? (2)

5.4 Chaza isisho esithi "kufana nokuthela amanzi edadeni." (2)

5.5 Laba bantu abaphumayo bayokwenzani esontweni? (2)

5.6 UBongani wenza msebenzi muni? (1)

5.7 Kungani kunefu elilengela phezu kukaBongani? (3)

5.8 UBongani wayengashadi ngani izifundiswa ezifana naye? (2)

5.9 Ingabe isihloko sale ndatshana siyahambelana nendaba na? Sekela impendulo yakho ngokuveza amaphuzu amabili. (3)

5.10 Bhala ukuthi iphetheke kanjani le ndatshana. (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

> "Uyazi iyahlupha indaba yokuhamba usuxhamazela. Awubheke nje, kunamaphepha abaluleke kabi engiwakhohliwe. Ngilande wona manje. Sengizoze ngibambe indiza yasebusuku...."
>
> Usho njalo uyamedlula uqonda ekamelweni.
>
> Asale emile esewugodo. Kuthe dukuduku wezwa ukuqhuma okuvala izindlebe. Lumshaye lwameqa uvalo, washaywa inzululwane waquleka.

5.11 Isihloko sale ndaba sithi uNembeza. Veza ukuhambelana kwaso nendatshana. (3)

5.12 Ngubani okhuluma ekuqaleni kwalesi sigatshana? Yisho igama nesibongo sakhe. (2)

5.13 Wayeya kuphi lo muntu, kanti futhi kunani lapho ayeya khona? (2)

5.14 Udlula bani uma eqonda ekamelweni? (1)

5.15 Yini eyenza lo muntu odlulwayo abe ngugodo? (1)

5.16 5.16.1 Ukuqhuma kwani lokhu okuvala izindlebe? (1)
5.16.2 Kuqhunyiswa ngubani? (1)

5.17 Uqulekiswa yini manje lo muntu? (2)

5.18 Wavuswa kanjani ekuqulekeni kwakhe? (2)

5.19 Bhala amaphuzu amathathu ngesifundo osithole kule ndatshana. Impendulo yakho uyibhekise endabeni. (5)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**